Ilanga

Pg.12

March 27, 2025



IZITSHUDENI zase-Owen Sithole College of Agriculture, beziswenke ziconsa emcimbini wokwethweswa kwazo iziqu obungoLwesibili, eMpangeni,

Kube yinjabulo bethweswa imiyezane kowezoLimo

PHUMLANI GAMA

UKHUTHAZE intsha yesifazane ukuba ibe yisixazululo ezinkingeni ezibhekene nabalimi bemikhakha eyahlukene emiphakathini, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal, uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa, obethula inkulumo yosuku emcimbini wokwethweswa kweziqu kwezitshudeni zase-Owen Sithole College of Agriculture, eMpangeni ngoLwesibili.

Ziwu-56 izitshudeni ebezethweswa imiyezane, zaphinde zathola izitifiketi zazo emikhakheni eyehlukene yezolimo.

Ungqongqoshe unxuse izitshudeni ukuba ziphume kulesi sikhungo, ziyoba yisixazululo ezinkingeni ezibhekene nabalimi basezindaweni zazo.

"Namuhla nizokwamukela izitifiketi zenu okungama-diploma, okufanele niwasebenzisele ukuba yisixazululo emiphakathini eniphuma kuyona.

"Esikhathini esiningi ngiyaye ngikhuthaze abantu asebephothu-



NGUNKK Thembeni Madlopha-Mthethwa, obeyisikhulumi sosuku emcimbini wokwethweswa iziqu kwezitshudeni zase-Owen Sithole College of Agriculture.

le izifundo zabo, ukuba baphume ezikhungweni bayoziqalela amabhizinisi abo, ukuze bezokwazi ukuvula amathuba emisebenzi azohlomulisa nabanye abantu.

"Umnyango unesabelo osibekele abantu abanesifiso sokusungula amabhizinisi. Ngakolunye uhlangothi, iKwaZulu-Natal, inomhlaba omningi kakhulu okufanele usetshenziselwe ukwenza ezolimo," esho.

Ukhuthaze abesifazane ukuba basike iphethini kwabadala bezikhathi zasemandulo.

"Iyodwa into engiyithanda ngabantu besifazane, okuwukuthi bayaphikelela, kabadikibali noma ngabe kuvela ziphi izimo. Mantombazane alapha njengoba sizonethwesa imiyezane yenu, hambani niyosebenza, ningathembeli emadodeni.

"Ukugana akuyona into okufanele niyifake emiqondweni.

"Nani bazali uma intombazane ithatha isinqumo sokuthi kayithandi ukuyogana, ningayiphoqeleli ngenkani ukuba ikwenze lokho.

"Ngikhuthaza ukuba amantombazane esinawo lapha asike iphethini kwabesifazane bezikhathi zaphambilini, abebenenkolelo yokuthi impilo isemhlabathini.

"Nami ngingomunye walabo besifazane, ngoba ngishumayela lona ivangeli lokuba kusetshenziswe umhlaba ukuze kuzophila isizwe," kuphetha uNkk Madlopha-Mthethwa.

phumlani@ilanganews.co.za